
# Iphupho likaJojo


## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Wake waphupha okuthile ukade ulele? Sixoxele.
2. Uyasazi isithwalambiza, sibuye sibizwe ngaliphi igama?


EXTRACT PAGES

UJojo indlovu encane wakwaKhumalo eMandeni, uneminyaka eyisikhombisa. Uyazithanda, ngisho nesikhwama sakhe sesikole asihlali phansi. Ujojo iqhathanzipho.


Uneminyaka emingaki uJojo? Ngabe yini iqhathanzipho?



Kwathi ngelinye ilanga engena esikoleni wabona omama abadayisayo. Uma ebheka buqamamana ngasesangweni, wabona abanye abantu abasolisayo. Babeyenga izingane zesikole ngokuthi bazinike amanandinandi. Waphatheka kabi uJojo ebona ukuthi izingane zizogcina ziyizisulu zabo. Ujojo waqhubeka wangena esikoleni.

Yini eyabonwa nguJojo? Wena ungenza njani?


UJojo wayenenkinga yokuhlukumezeka esikoleni. Omunye umfundi ayefunda naye wayevele ahlwithe ukudla kwakhe akudle.


EXTRACT PAGES

Njalo ngesikhathi sekhefu uJojo wayevele azihlalele yedwa ngaphansi kwesihlahla esisegqumeni lesikole.

Kungani uJojo wayehlala ngaphansi kwesihlahla?

Kwathi ngelinye ilanga ezihlalele egqumeni eqalaza, waphinde wababona abantu ababeyenga izingane. Uthe esababuka, kwavele kwawela isithwalambiza kuyena.


EXTRACT PAGES

Yini eyawela phezu kukaJojo? Ubuwazi ukuthi isithwalambisa singabansundu noma sibeluhlaza satshani?

UJojo wayenganabo abangani ayengabaxoxela ngalokhu ayekubonile. Isithwalambiza savele sakhuluma naye sameluleleka sathi, “tshela abantu obathembayo ngalokhu okubonayo ngoba kungenzeka ukuthi laba bantu bahlela ukuntshontsha izingane ngokuziheha ngamanandinandi.”





EXTRACT PAGES

Umuntu ongenabo abangani kuthiwa yini? Ungenza njani unguJojo?

Emva kokukhuluma nesithwalambiza uJojo waba nesibindi sokukhuluma.

Watshela abazali bakhe ngalabaya bantu ababeyenga izingane. Wabachazela ukuthi wayesebabone kaningana benza lesi senzo esisolisayo.


EXTRACT PAGES

Wasithola nini isibindi sokukhuluma nabazali bakhe mayelana nabantu abayenga izingane ngamanandinandi?


Abazali bakhe bethuka ngento ababeyizwa ngoJojo. Bameluleka uJojo ukuthi angakhulumi nabantu angabazi ngoba bayingozi. Bamtshela nokuthi kufanele abikele othisha bakhe ngakubonile.


EXTRACT PAGES

Baphatheka kanjani abazali bakhe uma bezwa ukuthi kunabantu abayenga izingane ngamanandinandi?

Abazali baJojo baqhubeka ngokumeluleka ukuthi akokwenqaba entweni angayithandi, avume kuphela kulokho okufanele nakuthandayo. Bamxwayisa ngokuthi aqaphele kubo bonke abantu angabazi, abadala nabancane. Bamtshela nangokuthi kufanele alalele inhliziyo yakhe.

EXTRACT PAGES



Abazali bakhe bathi akokwenzenjani uma into engayithandi?